

Amazwi Omhleli Ubulungiswa kubadobi njengamanje!

Ukuqaliswa kwenqubomgomo yabadobi abadobela ukuziphilisa iwudaba lwezinyathelo eziyishumi eziqonde phambili kanye nezizisishi-yagalolunye ezibuyela emuva.

Njengoba manje inqubo seyisesigabeni sesithathu kwezinhlanu, kukhona izihibe ebezingalindelekile neziphazamisayo kule ndlela.

Njengamanje abadobi abadobela ukuziphilisa babhekene nokungabikho kobulungiswa kulokhu okulandelayo.

- Isabelo sezinsiza okumele zabiwe ngaphansi kwe-SSFP; Amalungelo amaningi kulo nyaka aye emkhakheni wezamazwini futhi isabelo sabadobi abadobela ukuziphilisa siyancipha. Ukwephulwa koMthethosichibiyelo Wezinsiza Eziphila Olwandle (MLRA)
- Isaziso seGazethi kaHulumeni sangosepthemba 16 sifuna ukunciphisa amalungelo okudoba ngaphansi kwe-SSFP iminyaka emithathu. Abadobi babona ukuthi ukudoba kwabadobi abadobela ukuziphilisa kuyilungelo lesintu futhi amalungelo esintu angebekelwe umkhawulo wesikhathi.
- Inqubo yokubhaliswa kanye neyokuqinisekiswa eyingxenywe yokuqaliswa kwenqubomgomo ye-SSFP. Izinhlu zokuqala zidale izimpiki-swano futhi zidale ukudideka emphakathini edobayo. I-Coastal Links inxuse bonke abadobi ukuthi bakhalaze futhi balandele inqubo ize iyofinyelela esiphethweni esizwakalayo. I-DAFF igcizelele ukuthi izinhlu ngezisikhashana kuphela.

Inqubomgomo yabadobi abadobela ukuziphilisa iyinqubomgomo elungile. Yazisa lo mkhakha ngokusemthethweni okokuqala ngqa, isusa uhlelo lokuhlizekela umuntu ngayedwana oluphazamisayo ukuze kube namalungelo akhishwa ngokwamaqoqo futhi igqugquzela ukukhuliswa emkhakheni okusemqoka.

Lokhu kuyimibhalo nje uma kungabizani nokuqaliswa okunzulu. Futhi-ke yilapho uhulumeni uhluleka ngokwedlulele khona.

Imiphakathi ezweni lilonkana izibandakanya emizabalazweni ehlukeni ukuze iqinisekise ukuthi inqubomgomo iqaliswa ngokugcwele ngokomthetho futhi kuphonyelelwe ekutholalakeni kobulungiswa kwabo bonke abantu.

Njengoba sikhetha ukusebenzisana nokwethembana, asizukusonga izandla ngenkathi thina esisemiphakathini edobayo siphucwa amalungelo esintu ayisisekelo.

Phambili ngomzabalazo kuze kube nobulungiswa.

Abadobi bayasukuma njengoba amalungelo esengcupheni

ABADOBI baseNingizimu Afrika iyonkana bami ngezinyawo njengoba kubukeka sengathi uMnyango Wezolimo, Amahlathi Nezokudoba ubeka amalungelo abo okuziphilisa ngendlela eqhubekisekayo engcupheni, ngokuqalisa inqubomgomo yabadobi abadobela ukuziphilisa ngendlela ethandwa yiyo okungasiyo indlela eyayihlosiwe ngokwesinqumo Senkantolo Yezokulingana kanye nabadidiyeli benqubomgomo.

Abadobi baqale umzabalazo omkhulu, babeka amalungelo abo ematheni emphakathini waseNingizimu Afrika ngokubamba umbhikisho ePhalame nde ngolwesihlanu mhla ka 25 Novemba, ngenkathi iKomidi Elibhekele Ezolimo, Amahlathi Nezokudoba lubambe imbizo yomphakathi ngezokudoba kwabadobi abadobela ukuziphilisa.

Abadobi babezimisele ngokungena amaphakathi abo ukuze bavikele amalungelo abo okuziphilisa ngendlela eqhubekisekayo nokubuyisa isithunzi semiphakathi edobayo.

Kusukela ngowe-1998, ngokwethulwa koMthetho Wezinsiza Eziphila Olwandle, imiphakathi edobela ukuziphilisa yazithola ingenayo indlela yokuqinisekisa ukutholalaka kokudla kanye nokuziphilisa ngendlela eqhubekisekayo.

Amalungelo abadobi abadobela ukuziphilisa abekwe eceleni futhi ngokuhamba kweminyaka, kubukeka sengathi amalungelo abo ayaqhubeka nokubekelwa phansi.


Ngowezi-2005, ngenkathi abadobi abadobela ukuziphilisa befaka uhulumeni enkantolo ngokucwaswa komkhakha wabo, Inkantolo Yezokulingana yanquma ukuthi kusungulwe inqubomgomo Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa (SSFP) ukuze lo mkhakha ube semthethweni.

Inkantolo Yezokulingana ngowezi-2007, yayalela uhulumeni ukuthi asungule inqubomgomo yemiphakathi yabadobi abadobela ukuziphilisa.

Kuthathe iminyaka ukuze kusungulwe le nqubomgomo, futhi amalungelo esikhshana sabiwe, nawo aqhubeka nokukhipha inyumbazane ingxenywe enkulu yemiphakathi edobela ukuziphilisa.

I-SSFP yakhelwe ukuthi ibuyise isithunzi sabadobi abadobela ukuziphilisa, iqinisekise ukutholalaka kokudla kanye nokuqhubekise impilo.

Inqubomgomo izohlizeka imiphakathi edobayo ngamalungelo ahlangelele futhi



Amalungu akwa CLSA ekhankasela amalungelo abo ekapha

ihlinzeke imiphakathi ngesilinganiso sezinsiza zasolwandle abazoziphilisa ngayo.

I-DAFF ishaya ngolonwabo ekuqalisweni kwenqubomgomo, okudala ukukhathazeka okukhulu kanye nokungaqiniseki phakathi kwemiphakathi edobayo.

Kwathi uma beqala ukuqalisa inqubomgomo, yayitshesile futhi bayiqalisa ngendlela engahambisani emiphakathini ehlukeni.

Futhi, esithe, kwaqaliswa Inqubo Yokwabiwa Kwamalungelo Abadobi ka 2016 (FRAP 2016), futhi kwabiwa ngezinhlobo zezinhlanzi eziningi ezabelwa izintshisekelo zabadobi abadobela amabhizinisi, okwanciphisa Isilinganiso Esiphelele Sokudoba Esivumelekile i-Total Allowable Catch (TAC) kwezinhlobo zezinhlanzi ezahlukene, okunciphisa isabelo se-TAC ngezinhlobo zezinhlanzi ezahlukene, okunciphisa isabelo se-TAC ngokugcwele okulindelwe ukuthi iye emkhakheni wabadobi abadobela ukuziphilisa ngaphansi kwe-SSFP.

IMasifundise/CLSA ikholelwa ngokugcwele ukuthi i-DAFF kumele yabe izilinganiso ngokubheka yonke imikhakha yezokudoba, futhi bangabeli umkhakha wezamazwini

iqhubeka ku 3



Amazwi Avela Ogwini



Ron Gelant



Andries Klaase



Lungisile Tshume



Thoz Mthiyane

URon Gelant, usihlalo weCoastal Links Melkhoutfontein

"Asitholi phutha kwezokudoba ezibandakanywe ohlwini lwabadobi abaqinisekisiwe beMelkhoutfontein, inkinga nje ukuthi abantu besifazane kanye nentsha yethu bakhishwe inyumbazane kuNqubomgomo Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa. Abantu besifazane kanye nentsha yethu batshelwa ukuthi ngeke bakwazi ukubhalisa njengabadobi. Abadobi ababesolwandle ngosuku lokubhalisa abavumelekanga ukuthi babhalise ngokusebenzisa umbambeli.

Konke lokhu akulungile, futhi umphakathi wabadobi uzolwisana nakho. Abadobi bethu abahliswa futhi bangabandakanywa ohlwini lwesikhashana bazolwisana nokukhishwa kwabo inyumbazana, ngoba nabo bafanelekile ukuba sohlwini lokugcina."

U-Andries Klaase, ilungu leCoastal Links, eHondeklipbaai

"Akukuhle ukuthi abadobi abadala asebeneminyaka engaphezu kwama-20 bedoba futhi abethembele olwandle ukuze baphile abafakwanga ohlwini. Abantu bakhalazile futhi manje sekudlule inyanga, namanje akukazwakali ukuthi izikhalo zethu ziphelelephi. Lokhu kudala ukungabi nasiqiniseko nokwesaba. Akulungile. Kubonakala sengathi kumele siye kobhikisha, ngoba sengathi yileyo ndlela kuphela eyokwenza uhulumeni asilalele."

ULungisile Tshume, eMpumalanga Kapa, uphawula ngenqubo yezikhalo nokubhaliswa.

Sikuzwile okumenyezwele iMasifundise neCoastal Links ngokulandela inqubo kodwa asikayitholi imiphumela yethu okwamanje. Sethemba ukuthi konke kuzohamba kahle futhi abadobi bethu abaningi bazofakwa ohlwini. Asazi ukuthi inqubo izohamba kanjani kodwa sizoyithinta inhlangotho uma kukhona usizo oludingekayo.

UThoz Mthiyane, KZN, eMgababa ngokulindelwe mayelana nohlu lwabadobi.

Njengoba kwenzeka kuyo yonke imiphakathi edobayo, sethemba ukuthi abadobi abadoba ngokusemthethweni bazophumelela. Njengoba nazi besilokhu siqhubeka singenazo izimvume futhi sidinga amalungelo okuqhubeka nokuziphilisa. Sethemba ukuthi inqubo yokumemezela abadobi abafanelekayo ayizukudebesela njengoba kwenzeka ngenqubo yokubhalisa neyokuqinisekisa.

Ubuso noBuso

no-Ayanda Yekani, Hamburg, eMpumalanga Kapa

Q Sitshele ngokuthi wangena kanjani kuMasifundise neCoastal Links?

A Ngowezi-2006 ngazibandakanya ne-CLSA, emuva kokuba sasingaziswa i-MLRA, sabe sesijoyina iMasifundise ukuze sikwazi ukuthola amalungelo ethu. Sajoyiniswa uMcebisi Kraai, owayewumsebenzi waseMpumalanga Kapa ngaleso sikhathi.

Q Udoba kuphi futhi uthanda ukudobani?

A Ngidoba emfuleni nasolwandle lapha eHamburg futhi ngisebenzisa udoba kanye nolayini wokudoba. Ngithanda ukudoba i-spotted granter necob. Ngeshwa kumele ngikupheke konke engikudobayo ngenxa yemvume enginayo njengamanje yaseMpumalanga Kapa.

Q Unazo izingane, unkosikazi?

A Cha, anginaye unkosikazi, ngihlala ngedwa futhi nginendodakazi eneminyaka eyi-19 ehlala nomama wayo.

Q Okuphi ukudla nomculo okuthandayo?

A Ngithanda ukudla noma yini evela esihlabathini neluhlaza - ispinashi, iklabishi, ulethisi. Umculo engiwuthandayo iReggae ngenxa yokukhuluma nombeza okuvame ukuba kulowo mculo, nangenxa yesiko lalowo mculo.

Q Ngabe ukhona umuntu ofunda kuye?

A UGoven Mbeki ongasekho - ngenxa yesimilo sakhe, ngake ngahlangane naye kudala ngenkathi ngisayikhansela. Wangigqugquzela ukuthi ngilwele amalungelo abantu nokuthi ngingabi ugombela kwesakhe ekulweleni ubulungiswa - wayewumgqunguzeli omuhle, umholi owayesondelene nabantu bakhe.



Q Ngaphambi kokujoyina i-CLSA, wawenzani?

A Ngangiyikhansela ngaphansi kwe-ANC.

Q Nibhekene nazinselelo zini njengamanje egatsheni le-CLSA laseHamburg?

A Kunezinselelo eziningi esibhekene nazo, ezinye ngezegatsha lethu kuphela futhi ezinye siyefana nalezo abantu basezindaweni zasemakhaya ababhekana nazo. Zibandakanya ukungabikho kwamathuba omsebenzi, futhi njengoba kuyindawo yasemakhaya, amazinga ezemfundo aphantsi futhi sikude kakhulu nezidingo ezidingekayo ukuze kuhlangekanywe nezidingo zabantu eziyisisekelo.

Q Uthini umyalezo wakho owudlulisela kumalungu e-CLSA ewonkana?

A Kumele sibe neqiniso emzabalazweni wethu, kumele senze lokho esikushoyo ngaso sonke isikhathi. Uma senza isethembiso enhlanganweni, kumele sisifeze futhi sidlulise izinhloso zethu ngokubonakalayo.

Kubungazwa abantu besifazane basemiphakathini edobayo

EkaNosipho Singiswa

ABANTU besifazane bayisisekelo somphakathi. Bawumgogodla womndeni futhi bandisa ubudlelwano. Benza ukudla okuzodliwa, banikezela nangokudla komphefumulo futhi ngezinye izinkathi uma kungeve kunjalo ngaso sonke isikhathi, yibo abondla amakhaya.

Inqubomgomo Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa ihlinzekela amalungelo obulili kanye nokubandakanywa kwabantu besifazane kulo mkhakha. Okunye kokusemqoka kuNqubomgomo, abantu besifazane abakulo mkhakha baziswa ngeqhaza abalibambile emisebenzini ngaphambi nangemuva kokuvunwa futhi kwezinye izindawo yibo abayibavuni abayisisekelo bezinsiza zalokho okwenzeka ngasonqenqemeni lolwandle. Inqubomgomo ithi abantu besifazane ngaphansi kwenqubomgomo kumele:

1. Bahlomiselwe ukusebenzisa amalungelo abo okubandakanywa ekuphatheni kwezinsiza zasolwandle;
2. Baqeqeshelwe ukuzibandakanya kwezokwazisa, ezokuvakasha, impilo yasemanzini, kanye namanye amathuba ezomnotho asogwini; futhi
3. Bamelwe ngokulinganayo ezinhlangeni zesikhungo.

Phezu kwalokho, uMthethosisekelo waseNingizimu Afrika ugqizelela ukuvikelwa nokugqogquzelwa kwamalungelo abantu besifazane kanye nokubandakanywa kwabantu besifazane ezinhlangeni zikahulumeni. Umthetho onjenge-Termination of Pregnancy Act, i-Domestic Violence Act kanye noMthetho iRecognition of Customary Marriages uqhubeke nokuphakamisa umthwalo ongokomlando wabantu besifazane baseNingizimu Afrika.

Iqhaza labantu besifazane emkhakheni wokudobela ukuziphilisa kumele lingashaywa indiva. Njengoba kuqhubeka imizabalazo yemiphakathi edobela ukuziphilisa ebhekene nayo emhlabeni jikelele, abantu besifazane baqhubeka nokuqhamuka nezisombululo eziziqinisa umkhakha.

"Abantu besifazane babamba iqhaza elikhulu kuzo zonke izinhlanga zomkhakha wokudobela ukuziphilisa, yize bedume kakhulu ngamaqhaza abo ekuqhubezeni nasekwaziseni ngezinhlanzi kanye nemikhiqizo yezokudoba. Lo mqondo wokwahlukanisa ngokobulili okukhulu ekuqashweni (abantu besilisa bayadoba / abesifazane bayaqhubezela) kusize ukuhlela indlela ejwayelekile yokweseka izinhlelo zokuthuthukisa umkhakha wabadobi abadobela ukuziphilisa.

Okuvamile, le nqubo ibhekana namadoda, futhi abantu besifazane baba abaqhubezeli kanye nabazisi bemikhiqizo yezokudoba. Nokho, ukwenza okujwayelekile nakho kwenze ubuhloli kwezokudoba kungaboni amanye amagalelo abalulekile abantu besifazane. Empeleni, amaqhaza abo angakwazi futhi kumele abe ngaphezu komsebenzi owenziwa emuva kokuvuna nasekwaziseni. Nokho, ukungasetshenziswa kwelinye igalelo abangaba nalo kunqande, isibonelo, ukuzibandakanya kwabantu besifazane



Oomama sebethathe indawo ebalulekile kwezokudoba

ekuphathweni kwezinsiza zokudoba kanye nasekuthathweni kwezinqumo ngenqubomgomo," uLentisco noLee, 2015.

Igalelo labantu besifazane emkhakheni we-SSF liqala ngo-3am uma amakhosikazi abadobi ebalungiselela ukudla, kuthi emuva kwalokho liqhubekile ekuthini babe ngomama babantwana futhi balungiselele nabo ukudla.

Lo muntu wesifazane uvela emlandweni omude wabadobi othi ukudoba kuncike emphethulweni wakhe njengonqenqema lwamatshe asemanzini nokusatshani okusekujuleni kwephansi lolwandle. Ungumhlanzi wezinhlanzi futhi wenza isishebo senhlanzi esimandi esidliwa esidleni sasebusuku. Ucosha kahle futhi, emini, ngaphambi kokuba kubuye izingane esikoleni, ucosha izimbaza futhi ubuye abuye ekhaya nomnenke wasolwandle ukuze izingane zithole uncamnce ngaphambi kokuba zidle isishebo asipheke ngayizolo.

Lo muntu wesifazane usebenza emiphakathini. Wehla enyuka ehlanganisa umphakathi ekhuluma ngamalungelo abo okudoba. Uxhumana nezinhlangano, abaholi bomphakathi, omasipala neminyango kahulumeni ukuze balalele izidingo zakhe zomphakathi. Uletha ithemba kanye nendlela yokuphila emiphakathini wakhe, uyizwi lalabo abanezwi futhi abadobi basemiphakathini bathembele kuye..

Ubanika ithemba. Uhlala ematafuleni axoxisane nohulumeni ngezinkinga abadobi abadobela ukuziphilisa ababhekene nazo. Uphosela izinqubomgomo izinselelo kanye nemizamo yokubakuhlula futhi uvikela amalungelo abadobi. Uyizwi emihlanganweni esemazingeni amakhulu lapho kunokwehluleka ukwazisa izidingo zabadobi, uhlala ephakamisa iphimbo lakhe, usebenzisa ulwazi lwakhe kanye nozwelo ukuze aveze amalungelo futhi abuyisele isithunzi sabadobi abadobela ukuziphilisa kanye nemiphakathi.

Njengoba kuqhubeka ukuqaliswa kweNqubomgomo Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa, kubalulekile ukuthi abantu besifazane babandakanywe futhi bazuze kwinqubomgomo, njengoba amaqhaza abo engagcini ngokunakekelwa kwamakhaya, kodwa ukubaluleka kwabo emkhakheni kuhamba ibanga elide.

**Lolu daba olufinyezwe lwashicilelwa i-The Hook, iphephandaba eliphuma masonto onke elishicilelwa iMasifundise Development Trust.*

isuka kwikhasi 1

Abadobi bayasukuma njengoba amalungelo esengcupheni

kuphela, bese ishiyele ezinye izinhlanga ezisemkhakheni wezokudoba izabelo.

Imiphakathi edobayo ayichezuki ekutheni kumele ilalelwe futhi ibhalele ungqongoshe Wezolimo Ezamahlathi Nezokudoba futhi babeka phambili okulandelayo:

1. Ngokuphazima kweso kumiswe ukwabelwa komkhakha wezamabhizinisi amaWest Coast Rock Lobster (WCRL) kuze kube yisikhathi lapho okuyokwabelwa umkhakha wabadobi abadobela ukuziphilisa amalungelo okudoba ngaphansi kweNqubomgomo Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa.
2. Ngokuphazima kweso kuchithwe wonke amalungelo abelwe abadobayo, ukuze kuqinisekwe ukwabelwa kwemiphakathi ezifundazweni eziseNtshonalanga, eNtshonalanga naseMpumalanga Kapa.
3. Ngokuphazima kweso kumiswe ukwenziwa kwabantu izisulu, nezapulamthetho kanye nokucwaswa kwemiphakathi yabadobi abadobela ukuziphilisa okwenziwa abasebenzi abaqinisekisa ukugcinwa komthetho.
4. Ngokuphazima kweso baklame izindawo ezikhethekile okubandakanya ukumiswa kwezindawo zokuvikela imvelo eziquondene nemiphakathi edobayo, okungabandakanyi Izindawo Ezivikelwe Zasolwandle.
5. Ngokuphazima kweso kuhoxiswe i-GG #40286 kuSeptemba 2016. Amalungelo abadobi abadobela ukuziphilisa kumele aziswe njengenqubo ewusiko futhi ngenxa yalokho asikho isikhathi esingabekwa isikhathi ngokosiko lwethu." UNorton Dowries, umdobi waseLangebaan, ukhulwa ukuthi amalungelo abele abadobi abadobela ukuziphilisa abaluleke kakhulu ukuze kuqhubekiseke ukuphila emiphakathini edobayo.

"Kimi kubukeka sengathi manje sekuzoba nesikhala ezilinganisweni esizozinika i-DAFF ngaphansi kwale nqubomgomo. Njengamanje cishe zonke izinhlanzi zenethi nezalayini zabelwe umkhakha wezamabhizinisi," kusho uDowries.

"Kubukeka sengathi manje sekusele izinhlobo zezinhlanzi ezinesilinganiso esiphansi futhi akekho umuntu emnyangweni ongasitshela ukuthi yini ezoba sesilinganisweni se-SSFP"

"Izinhlazi zolayini kanye nezinhlanzi zenethi zibaluleke kakhulu ekuqinisekiseni ukuphila okuqhubekisekayo kubadobi abadobela ukuziphilisa njengoba zingasetshenziswa unyaka wonke. Yize i-WCRL iwuhlobo lwezinhlanzi ezinesilinganiso esiphazulu, futhi kwaziswa lokho, itholakala ngezikhathi ezithile futhi inengeniso ngaleso sikhathi sisodwa."

Kubukeka sengathi ukulwela amalungelo abadobi abadobela ukuziphilisa kulokhu kuzinze emiphakathini edobela ukuziphilisa, kodwa baphucwe amalungelo esesemnyango ngomzuzu wokugcina.

Umzabalazo wamalungelo abadobi uzobe ngowumqansa nonezingqinamba, futhi kumele baqine, babe yimbumba futhi balwele ukuvikela imiphakathi yabo.

I-Coastal Links ezifundazweni

ABADOBI abadobela ukuziphilisa bazibambele mathupha ezinkingeni ezithinta umkhakha wabo ezweni lilonkana, ikakhulukazi uhlu lwesikhashana lwabadobi abasemthethweni baseNtshonalanga Kapa, oluthunyelwe uMnyango Wezolimo Amahlathi Nezokudoba (DAFF) mhlaka 21, oluhlose ukunciphisa amalungelo okudoba abe ngaweminyaka emithathu. Ngezansi kunesifinyezo salokho okwenziwa i-Coastal Links SA ezifundazweni ezine ezisogwini.

Entshonalanga Kapa

Emhlanganweni weCoastal Links SA (CLSA) wesifundazwe saseNtshonalanga Kapa, umholi wabadobi wacacisa ukuthi abathokozile nge-DAFF ngenxa yezizathu eziningana.

- Abadobi abaningi bakhishelwe ngaphandle kohlelo lwesikhashana lokuqinisekisa abadobi olwashicilelwa i-DAFF ku-Okthoba 21;
- Abantu besifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile bakhishelwa ngaphandle.
- Abadobi abawomakade bebona, oningi labo lineminyaka engama-30 bedoba bakhishwe inyumbazane.
- ukunciphisa kwezinsiza zasolwandle ezizothokalela inqubomgomo yabadobi abadobela ukuziphilisa, ngokubheka ukwabiwa kwamalungelo asedluliselwe emkhakheni wezamabhizinisi ngaphansi Kwenqubo Yokwabiwa Kwamalungelo Okudoba ka 2016 i-2016 Fishing Rights Allocation Process (FRAP 2016).
- Isaziso seGazethi kaHulumeni No. 40286 sakuSeptemba 16 esifuna ukunciphisa amalungelo okudoba ngaphansi kwe-SSFP iminyaka emithathu.

Ukuphendula kwelezi zinkinga ngempumelelo, i-CLSA yaseNtshonalanga Kapa ithathe isinqumo sokwenza okulandelayo:

- Ukuthi bonke abadobi kumele bangagudluki enqubweni, futhi bakhalaze ngokukhishwa inyumbazane, futhi uma imiphumela yezikhalo ingase inganelisi, abadobi bangathatha ezinye izinyathelo uma sekuqedwe izikhalo, ngokusebenzisa izinkantolo noma okunye.
- Ukuthi kumele kuboniswa non-

gqongqoshe futhi acelwe ukuthi achithe ukwabiwa kwamalungelo osekwenziwe ngaphansi kwe-FRAP 2016 futhi ukwabiwa kweWest Coast Rock Lobster okusamele kwenziwe, kumele kumiswe.

- Konke ukwaba kumele kwenziwe ngesikhathi esisodwa nokwabiwa kwamalungelo okudoba abadobi abadobela ukuziphilisa, ukuze kugwemwe isimo sokuthi umkhakha wabadobi abadobela ukuziphilisa babele izinsalela ezisale uma sekwabelwe umkhakha wezamabhizinisi.
- Bafuna ukuthi kuhoxwe ku-GG #40286 ngokuphazima kweso futhi amalungelo abadobi abadobela ukuziphilisa kumele aziswe njengenqubo ewusiko ngakho asikho isikhathi esingabekelwa inqubo ewusiko.

EMpumalanga Kapa

Ikomidi Eliphezulu Lesifundazwe saseMpumalanga Kapa leCoastal Links South Africa labamba umhlangano futhi kwaphakanyiswa izinkinga eziningi ikakhulukazi ezimayelana nokuqaliswa kwe-SSFP futhi izinkinga abanazo ne-DAFF, zibandakanya:

1. Ukuboniswa ngezinkinga ezithinta imiphakathi edobayo
2. Sithini isilinganiso noma i-TAC yabadobi abadobela ukuziphilisa eMpumalanga Kapa?
3. Kwenzekani kuphrojekthi yokuzwa amanzi ngobhoko ye-abelone Esifundazweni nokuthi ngabe ama-abelone azobandakanywa esilinganisweni esidotshwayo se-SSFP eMpumalanga Kapa ?

I-PEC yaseMpumalanga Kapa yabhalela uCraig Smith uMqondisi wezabadobi abadobela ukuziphilisa incwadi ukuze abheke udaba lokudingidwa kwezinkinga naye kanye nomnyango wakhe, nokho uSmith waveza ukuthi njengomnyango ngeke bakwazi ukuhlangana ne-PEC.

I-PEC isabheka ukuthi ngabe lezi zinkinga izoziqhubekisela phambili kanjani.

ENyakatho Kapa

I-CLSA yaseNyakatho Kapa isanda kubamba umhlangano futhi yakhetha Ikomidi

Eliphezulu Lesifundazwe (PEC), elakhiwe amalungu amathathu aseHondeklipbaai kanye namathathu asePort Nolloth.

Abadobi baseHondeklipbaai bajoyine i-CLSA kabusha emuva kokungabikho enhlanganweni isikhathi eside.

Inyakatho Kapa yaba isifundazwe sokuqala okwamenyezelwa kuso ukuqinisekiswa kohlu lwesikhashana, futhi abadobi sebeyiqedile inqubo yabo yezikhalo, futhi balindele umphumela wenqubo .

Kulindeleke ukuthi imiphumela yezikhalo imenyezelwe kungekudala, njengoba abakhalazi abaningi bathola ama-SMS ngalolu daba, futhi abaholi be-CLSA balindele umphumela omuhle.

Abadobi baseNyakatho Kapa basalindele izimvume Zokungenelela Zesikhashana ezizokhishelwa isikhathi esizayo, futhi bakhat-hazekile ngoba isikhathi seWest Coast Rock Lobster bekumele ngabe sesivuliwe, kodwa abakwazi ukuya kodoba ngoba abanazo izimvume.

KwaZulu-Natali

I-PEC yase-KZN yeCoastal Links yahlangana ku-Okthoba futhi kwaphakanyiswa inqwaba yezinkinga, ikakhulukazi izinhloso zokwengezela iSimangaliso Wetlands Park, okuzokwenza kube nzima kakhulu ukuthi imiphakathi edobayo ephila ePark ikwazi ukuziphilisa ngokufanele.

Okubaluleke kakhulu wukuthi abadobi babengathokozile ngokushaya ngolonwabu kokuqaliswa kwenqubomgomo yabadobi abadobela ukuziphilisa (SSFP) okumele ihlinzekele ukuthi abadobi base-KZN bahlukane nezimvume zokudobela ukuziphilisa abazisebenzisayo njengamanje.

UNdunankulu wase-KZN usanda kushintshwa, futhi abadobi babona ukuthi i-CLSA kumele iqale ingxoxo nehhovisi likandunankulu ngezinkinga ezisemqoka, njengoba kade linobudlelwano nondunankulu wangaphambilini.

Udaba oluseqhulwini kubadobi base-KZN ukubhekana nezindaba zokuqaliswa kwe-SSFP ababona sengathi ifike kwangqingetshwe.



Amalungu akwa CLSA kwimhlangano wonyaka yama 2016 eKapa



Amalungu akwa CLSA ase Western Cape kumkhankaso ngo March 2015

Ukuphatha ngokubambisana: Okubaluleke kakhulu kunqubomgomo yezokudoba

KULOKHU kushicilela, iFishersNet ichaza ngamafuphi ngenqubo yokuphatha ngokubambisana kanye nokuthi kungena kanjani kunqubomgomo yabadobi abadobela ukuziphilisa; ekuqaleni kowezi-2017, iMasifundise izoshicilela imanuwali yokuphatha ngokubambisana eneminingwane egcwele engasetshenziswa imiphakathi edobayo njengomhlahlandlela.

Inqubomgomo yabadobi abadobela ukuziphilisa iynqubomgomo yasempakathini enika abadobi abadobela ukuziphilisa amalungelo okuba nejoka ngokuhlanganyela nohulumeni ngokuphatha kwezokudoba. Leli joka okubanjisenwe kulo libizwa ngokuthi ukuphatha ngokubambisana, okuqondene kakhulu nokuphathwa ngokubambisana kwezokudoba.

Ukuphatha ngokubambisana kuyinqubo ebandakanya izindlela zentandoyeningi kanye nezokwahlukanisa umsebenzi ngokusebenzisana nokwabelana ngamandla phakathi kwabasebenzisi bezinsiza kanye nabasebenzi bahulumeni (Pomeroy and Rivera-Guieb, 2006).

NgokweWikipedia, "Ukuphatha ngokubambisana kwezokudoba kuvulekile kanye nokuphatha ngokubambisana kwezinsiza zasemanzini okwenziwa amaqoqo kanye nohulumeni."

Iqoqo eliwumsebenzisi lakhiwa yilabo abathembele ezinsizeni zasemanzini ukuze bahlale bephila. Ngokwethu, lokho kusho abadobi abadobela ukuziphilisa.

Umsebenzi wezinsiza wahlukaniswe phakathi kwamaqembu abasebenzisi kanye nohulumeni futhi yomibili imiphakathi kanye nohulumeni babandakanyeka ekuthathweni kwezinqumo, izinqubo zokuqalisa nezokuphoqelela.

Lokhu kungenye indlela yokuphatha echezukayo ekuphathweni kwezinsiza zasolwandle nezasempakathini uhulumeni futhi ichezuka endleleni engena shi emphakathini.


"... Ngokwendlela yokuphatha ngokubambisana, iNqubomgomo izama, isibonelo, ukuthi umphakathi uzozibandakanya ekuqapheni impahla ngokubhalisa okubanjliwe kanye nokuqapha indlela yokufinyelela endaweni umphakathi odoba kuyo" (Young, 2013).

Lokhu kusho ukuthi ukuze kuphumelele ukuphatha ngokubambisana umphakathi uzobandakanywa emisebenzini yokuphatha, enjengokuhlela, ukuhlelemba, ukuqhuba, nokulawula izinsiza ngokubambisana nohulumeni.

Empeleni, kukhona ababambiqhaza bezokudoba abaningana ababandakanyeka ekuphathweni kwezokudoba.


Ababambiqhaza bezokudoba bangac hazwa ngokomuntu ngamunye, amaqoqo noma izinhlangano ezinentshisekelo kanye/noma ezingaba negalelo noma isandla ekuphathweni kwezinsiza zezokudoba. Uma kuphethwe ngokubambisana, kubalulekile ukuthi kube nokulingana kwababambiq-





Small-Scale Fisheries

Provisional lists are provisional.
DAFF and SSF are providing fishers with an opportunity
to appeal their record of decision.



haza abamele izinhlaka ukuze kuphumelele ukuqaliswa kohlelo (Adrianto, 2005; Pomeroy and Rivera-Guieb, 2006).

Okumele kugcizelelwe ukuthi njengamanje ukuphatha ngokubambisana kumele kubandakanya ababambiqhaza abehlukene abamele izidingo nentshisekelo ehlukeni.

Ngokujwayelekile, kunezinhlobo ezine zababambiqhaza abasemqoka kuphathweni ngokubambisana kwezokudoba. Babandakanya (1) abasebenzisi bezinsiza, okubandakanya abadobi nabalimi abangabadobi; (2) uhulumeni, okubandakanya uhulumeni omphakathi nowasemakhaya; (3) abanye ababambiqhaza, okubandakanya amalungu omphakathi, abanikazi bezikebhe zokudoba, abahwebi bezokudoba, abaqhubi bezokudoba, phakathi kwabanye; kanye (4) ama- ejenti ayashintsha noma abahleli bomphakathi okubandakanya izinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni, amanyuvesi, izikhungo ezicwaningayo, phakathi koku-

Sekuphethwa, umsebenzi wokuphatha izinsiza zasolwandle uzohlukaniswa phakathi komphakathi wasendaweni kanye nohulumeni (umnyango wezokudoba). Lokhu kusho ukuthi imiphakathi yabadobi abadobela ukuziphilisa kumele ihloniyiselwe ukuzibandakanya noHulumeni ekuthuthukisweni nasekuqalisweni kohlelo lokuphatha.

Umbambiqhaza ngamunye uzoba namalungelo akhethekile kanye namajoka. Amakomidi okuphatha ngokubambisana kumele asungulwe futhi azokwakhiwa abadobi abayimalungu ezinhlaka zomthetho asuselwa emphakathini kanye nabamele uhulumeni wesifunda kanye nohulumeni wendawo. Uma indawo isondelene ne-MPA, abamele amazipathe wezokonga bazobandakanywa.

Ngokuhamba kwesikhathi, abadobi kanye namanye amalungu omphakathi bazothwala ijoka elikhulu ngesimo sokuphila somphakathi, indawo kanye nokuphathwa kwezinsiza zasolwandle (Masifundise, 2014).

INqubomgomo yezokudoba seyisesigabeni sesithathu sokuqaliswa kwayo



Abadobi abancane kumele bathole ibhaskethi ezinentlazi ngaphantsi kwe SSFPolicy

KUFEBHRUWARI 2015 uMnyango Wezolimo Amahlathi Nezokudoba (DAFF) waqala ukuqaliswa kweNqubomgomo Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa (SSFP) ngokwethula Isigungu Sabadobi Abadobela Ukuziphilisa, ukufakwa kugazethi kweMithethonqubo ewuhlaka ukuze kuphawule uMphakathi futhi kwabizwa abantu ukuthi Baveze Intshisekelo yabo.

Ukuqaliswa kwe-SSFP kwabandakanywa njengomgomo wesu le-DAFF ngesikhathi esiphakathi nendawo (2014/15 - 2018/19) futhi izimali zeSikhwama Sezinsiza Eziphila Olwandle sahlizekwa ukuze kuqaliswe inqubo yowezi-2014/15.

KuMashi 2015 abahlinzeki bezidingo baqokwa futhi uMthethonqubo Wokugcina kanye noMthethosichibiyelo Wezinsiza Eziphila Emanzini wamanyezelwa kuMeyi 2015.

Kwamanyezelwa ukuthi uhlelo olukhishwayo kuhloswe ngalo ukuthi kuqaliswe iNqubomgomo Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa esikhathini seminyaka emihlanu futhi inqubo ibandakanya izigaba ezinhlanu.

Isigaba 1: Isigaba Sokulungiselela

Lesi sigaba sakha isisekelo esiqinile ukuze kuqaliswe inqubo yokuqalisa iNqubomgomo Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa.

Isigaba 2: Ukwakhiwa Kwezinhlelo Zokweseka

Lesi sigaba sibiza ukuthi kwakhiwe inqwaba yezinhlelo zokweseka futhi ziqaliswe ukuze kuthuthukiswe inqubo yokuqaliswa kwe-SSFP.

Isigaba 3: Ukwenziwa semthethweni kwemiphilandawonye yemiphakathi edobayo.

Lesi sigaba yiso esisemqoka kakhulu ngokwabiwa ngempumelelo kwamalungelo abadobi abadobela ukuziphilisa ngoba kulesi sigaba bonke abadobi abadobela ukuziphili-

sa ngokusemthethweni kumele bahlonzwe, baqinisekise futhi babhaliswe emiphakathini yabantu abadobela ukuziphilisa.

Isigaba 4: Ukwabiwa kwamalungelo abadobi abelwa imiphilandawonye yabadobi abadobela ukuziphilisa

Lesi sigaba siseqhulwini ekuqalisweni kwenqubomgomo yabadobi abadobela ukuziphilisa njengoba lokhu kungaba ukuqaliswa komkhakha wabadobi abadobela ukuziphilisa ngokusemthethweni uma sekwabiwe amalungelo okudoba abelwa imiphilandawonye yabadobi abadobela ukuziphilisa kuMashi 2016.

Isigaba 5: Ukuphathwa nokwesekwa kwemiphilandawonye yabadobi abadobela ukuziphilisa

Lesi yisigaba sokugcina sokuqaliswa futhi sibiza iminyaka emithathu yokuhlinzekela ukwesekelwa kwemiphilandawonye yabadobi abadobela ukuziphilisa. Lesi sigaba siyadingeka ukuze kuqinisekise ukuthi ukuthuthukiswa kwezomnotho kanye nempumelelo yemiphilandawonye yesikhathi eside.

Impela inqubo yaqala ngowezi-2015 ngenkathi umnyango ubiza imiphakathi Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa ukuthi ibhalise imiphakathi yayo kanye nabantu abanentshisekelo enqubweni. Umnyango wathola amafomu angama-300 ayekhombisa intshisekelo yemiphakathi edobayo.

Kulo nyaka, umnyango waqala ngokubhalisa nokuqinisekisa abadobi ezifundazweni ezine ezisogwini kodwa iKwaZulu-Natali yabonakala isilela emuva enqubweni ngenxa yemibango ephathelene nabahlinzeki bezidingo.

Lokhu kwagcina sekuxazululiwe futhi abadobi basesifundazweni saKwaZulu-Natali babhaliswa. Isifundazwe sokuqala esaqeda inqubo yokubhaliswa nokuqinisekiswa kwa-ba iNyakatho Kapa futhi umnyango usanda

kukhipha uhlu lwabadobi ababhaliswe nabaqinisekise baseNtshonalanga Kapa.

Njengamanje abadobi abaphathekile kahle ngale nqubo futhi abaningi bazokhalaza ngezinhlu zesikhashana.

UCathy Thomas oyilungu le-CLSA lase-St Helena Bay uthe kubalulekile ukuthi abantu besifazane babandakanywe ohlwini, "Ubengekho umuntu wesifazane ohlwini lwethu futhi sinezindawo zokudoba eziningi emiphakathini yethu. Ngokwami, uhlu lwesikhashana alusivezi isibalo sabadobi abadobela ukuziphilisa emiphakathini wami futhi sonke sibhekene nenqubo yokukhalaza njengomphakathi."

UNorton Dowries waseLangebaan obegane unwabu uchaze uhlu lwaseLangebaan njengenhlamba kubadobi abadoba ngokusemthethweni. "Le nqubo iyinto engekho, ngisho nami uqobo alikho igama lami ohlwini futhi sengibe umdobi kanye nomhlomuli we-IR iminyaka ngeminyaka. Njengabadobi, kumele siqinisekise ukuthi siyakhhalaza ngezinhlu ukuze kube nobulungiswa kubadobi."

Okuhle ukuthi, abadobi abaningi base-Nyakatho Kapa balandela inqubo yokukhalaza futhi i-DAFF imemezele ukuthi ngenxa yalokho, kube noshintsho olukhulu ezinhlini zesikhashana zesifundazwe.

"Sisabheke uhlu lokugcina lwedolobha lethu silubheke ngamehlo abomvu, kodwa njengoba ishilo i-DAFF, impela sethamba ukuthi kunoshintsho olukhulu futhi abadobi abadobela ukuziphilisa bazohlomula kule nqubo," kuphawula u-Elroy Adams wasePort Nolloth.

I-DAFF izomemezela ukuthi izolukhipha nini uhlu lwaseMpumalanga Kapa naKwaZulu-Natali.


Ukuqaliswa kwenqubomgomo selus-esigabeni sesithathu njengamanje. Isigaba esilandelayo simayelana nokusungulwa kwemiphilandawonye, okuzokwabiwa amalungelo okudoba kuyo.

ISIKOLE SABADOBI



Vol 16 No.4
By Brandan Reynolds

NguLwesibili ekuseni, i-DAFF ikhiphe uhlu lwabadobi abafanelekile basemiphakathini edobayo yaseNtshonalanga Kapa. URasta, uThozama no-Edgar, baya ehholo lomphakathi lapho kwakutholakala uhlu lwedololobha lwabo, okwabamangaza wukuthi u-Edgar kuphela obefaneleke ukuthola ilungelo Lokudobela Ukuziphilisa.




Selokhu kwathi nhlo ngiwumdobi, manje sekunje, kumele ngiziphilise kanjani?

Kumele ngizondle kanjani izingane zami? Ngabe ikhona indlela engingakhalaza ngayo ngalesi sinqumo somnyango?

Ngezwa ukuthi abadobi abanganenanga ohlwini bangakhalaza, kunamafomu okudingeka ukuthi bawagcwalise, abadobi baseNyakatho Kapa benza njalo, futhi kubukeka sengathi kuzoba noshintsho ohlwini lwabo.

Singawatholaphi la mafomu?



Kumele siye kuwebhusayithi Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa; www.smallscalefisheries.co.za, bese siye ku-resource, amafomu amazansi nekhasi noma sithintane neMasifundise ukuze sithole usizo.

Kodwa umnyango kumele ube namakhophi aphrintiwe emahhovisi awo asendaweni, kuthiwani ngathi, esingakwazi ukuthola i-inthanethi, sizowathola kanjani la mafomu.



Angazi ukuthi ngenze njani, ngethemba ukuthi le nqubo yezikhalo izosisebenzela impela njengabadobi abadoba ngokusemthethweni.

Sonke sethemba ukuthi kuzoba njalo Rasta, iMasifundise isigqunguzela ukuthi silandele inqubo futhi singapheli amandla. Khumbula ukuthi uma singakhalazi, sizibeka engcupheni yokungawatholi amalungelo ethu.




Angazi Thozama, futhi ngiyakuzwa ukukhala kwakho, inqubomgomo kumele ibandakanye abadobi abadobela ukuziphilisa abaningana futhi ingaqhubeki nokubavalela ngaphandle kwamalungelo abo.



Ngizothintana neMasifundise ukuze ingisize.

Ngizozama futhi ngizoya emtapowolwazi ukuze ngithole i-inthanethi khona ngizolanda amafomu.

Yebo qabane, masingaliphonsi ithawula noma singapheli amandla singazamanga.



Umnqamulajuqu wezikhalo waseNtshonalanga Kapa naseNyakatho Kapa besewudlulile ngankathi kusatshalaliswa iFishers Net. Umnqamulajuqu waseMpumalanga Kapa nase-KZN usazomenyezela i-DAFF.



ENonoti, KwaZulu-Natali: Indawo yeKob, Garrick kanye nezindawo ezinhle ezisogwini

UMPHAKATHI waseNonoti utholakala endaweni engamahektha ayima-400 ewumhlaba owabuyiselwa kubantu iTongaat Hulett kanye nomndeni wakwaBodasingh.

<http://masifundise.org/community-profile-nonoti/>

Umphakathi waseNonoti wakhiwe imizi engama-300. Umelwe iNqaba Community Trust. Le Thrasti yathola umhlaba ngokuxoxisana ngempumelelo ngokubuyiswa komhlaba kulandela isicelo sokubuyiswa komhlaba esafakwa umphakathi (tikzn.co.za, 2016).

ICoastal Links South Africa inamalungu aseNonoti angekho ngaphansi kwegatsha, ngakho angena ngaphansi kwegatsha laseStanger (okwesikhashana). Umphakathi uthola ukudla kokuziphilisa ngezindlela ezahlukene, lokhu kubandakanya ukusebenza ezikoleni, kuma-lodges, ekuqhubeni amaprojekthi omphakathi kanye nokudoba. Abadobi besilisa nabesifazane basebenzisa umfula iNonoti kanye nolwandle ukuze badode iKingfish, iKob enkulu ebusika kanye neGarrick.

NgokukaLindani Ngubane umsebenzi waseKZN weMasifundise, abadobi baseNonoti babehlelwa ilungu le-CLSA uSamkeliwe Mchunu, oshone ngonyaka odlule. Igatsha lisazosungulwa ngokusemthethweni.

“Abadobi baseNonoti abakhalanganiswa ngokusemthethweni njengegatsha elizimele, le nqubo isahlelwa”, kusho uNgubane.

“Yize kungakabi semthethweni umphakathi wazibandakanya enqubweni yokubhalisa nokuqinisekisa yeNqubomgomo Yabadobi Abadobela Ukuziphilisa”, esho engezela. “Sigqugquzele abadobi ukuthi bahambe baye kobhalisa futhi kuze kube manje bonke abadobi basemphakathini bazibandakanya enqubweni”.

Umphakathi usonqenqemini oluse-nyakatho lweNonoti Estuary eduze kwas-eStanger eDolphin Coast, KwaZulu-Natali. Umphakathi waseNonoti usebenzisa umfula ongenela olwandle nsukuzonke ukuze ufinyelele edolobheni eliseduze, iZinkwazi, elisendaweni ekumakhilomitha amathathu.

INonoti Estuary ebheke ngasolwandle ku-N2 lapho umfula iNonoti uhlangana nolwandle, cishe kumaphakathi namadolobha angaphakathi ezweni aKwaDukuza naseMandini.

Umfula ongenela olwandle kanye nalokho okuwuzungezile kwandisa ugu kanye nobuhle.

Kodwa ngokweSouth Africa Venues indawo esedolobheni yaseThekwini ihamba ize



Indawo yokuophila eselunxwemeni iNonoti KwaZulu-Natal

iyekofika ku-N2, futhi ukwakhiwa kwesikhulumulo sezindiza iKing Shaka International Airport, kusho ukwandiswa kwale ndawo esogwini, futhi ulwandle lwakhono olungamoshakalanga kanye nezindawo ezinendunduma yesihlabathi, kubhekene nencindezi njengoba kwanda ukudingeka komhlaba Ogwini Olusenyakatho.

Ukuze kuhlangezwe nezidingo zokwakha, kanye nokuvikelwa kwale ngxenye yogu, kuyinkinga. I-Ejensi Yokuthuthukiswa Kwezomnotho ibhekene nenqubo yokuthuthukisa izindawo zomphakathi

zokuhlala zokuvakasha zasolwandle okuzobandakanya i-eco-lodge.

Imithombo:

<http://www.sa-venues.com/attractionskzn/nonoti-estuary.php>

<http://ballito-online.com/node/158>

<http://www.tandfonline.com/doi/pdf/10.2989/025776102784528574>

http://www.tikzn.co.za/resources/docs/investment_opportunities/Nonoti_Beach_Resort_-_Nonoti.pdf

AMAQINISO NGEZOKUDOBA

- Ukukhula ekuhlinzekeni ngezinhlanzi ezidliwa ngabantu emhlabeni jikelele kukhuphuke kakhulu eminyakeni yamashumi amahlanu edlule, kukhuphuke ngesilinganiso sika-3.2 phesenti esikhathini esiphakathi kuka-1961 - 2013, kuphindaphinde kabili kunokwanda kwabantu, okuholele ekukhuphukeni kwalokho okungatholalaka ngokwesilinganiso.
- Umkhiqizo wezokudoba emhlabeni jikelele ngowezi-2014 wawungama-93.4 wezigidizamathani, kube u-81.5 wezigidizamathani wawuphuma emanzini asolwandle bese u-11.9 wezigidizamathani waphuma emanzini angaphakathi ezweni.

(WWF, State of the World Fishery, 2016)

Published by: **Coastal Links and Masifundise Development Trust**

1 Station Road, Mowbray, Cape Town 7700

Email: info@masifundise.org.za • Tel: 021 685 4549 • Fax: 021 685 3816



This project is funded by the European Union



This project is implemented by Masifundise.

The views expressed in this publication do not necessarily reflect the views of the European Commission.